

## Izitshalo ze-GM zehluka kakhulu

Imbewu ye-genetically modified (GM) ngeyokuzenzela elabhorethri ngama-gene ezinto ezehlukene eziphilayo ukunikeza imbewu ye-GM izinto ezintsha ezehlukile, ezifana nokukhiqiza izilwanyakazana ngaphakathi kwembewu kanye nezimila, noma ikhono lokuthi zikwazi ukuqiniseka ukufuthelwa ngoshefu obizwa ngokuthi yi-glyphosate.



Le ngubo ebizwa ngokuthi yi-genetic modification, ayenzeki kwimvelo kanti iletha izinto ezintsha ezingaziwa ezimpilweni zabantu, izilwane kanye nesimo semvelo. Ngakhoke

ohulumeni abaningi, abakuvumeli ukudla kwama-GM. Kuyashaqisa ukuthi uhulumeni wethu uvumela ukuthi sidle umbila we-GM njengokudla okudliwa yiningi eNingizimu Afrika!

Ucwaningi oluningi olwenziwe maqondana nokudla kwe-GM kungabangela ukulimala esiswini, kwisibindi, kwizinso kanye nakumasosha omzimba kanye nakwikhono lethu lokuzala izingane. Babuye baxwayise ngokuthi kunezingozi eziningi esingakaziqondisisi ngokuphelele.

Uhulumeni wethu uyaluziba lolu cwaningo olwenziwe lwesayense. Uhulumeni wethembela kucwaningo olwenziwe zinkampani okuyizona ezenze izimbewu ze-GM kanti akafuni ukuzenzela ucwaningo lwakhe oluphephile.



# NGABE IPHALISHI LETHU LIPHEPHILE?

Ososayense abazimele baxwayisa ngokuthi ukudla oku-genetically modified kuyingozi.

## Izitshalo ze-GM zemukelwa ngaphandle kokuhlolwa ngendlela eyenele

Akukho ama-test enziwayo abonisa ukuphepha kwesikhathi eside ngaphambi kokuba kukhishwe lokhu kudla kwe-GM nasemizimbeni yethu nakwimvelo yethu. Uma inkampani ifuna ukuletha izitshalo ze-GM ezimakethe, ivamise ukwenza uhlobo lokuphepha, ngokusebenzisa izinyoni kanye namagundane isikhathi sezinsuku ezingu 90 - kanti kwesinye isikhathi amaviki amabili nje vo.

Kunzima kososayense abazimele ukuthi babheke uhlobo lwalezi zinkampani ngoba ulwazi oluningi luvikelwe kanti futhi luyimfihlo yamabizininisi ngaphansi kwenqubo yezimfihlo zamabizininisi eyaziwa ngelokuthi yi-"Confidential Business Information".

## Ngabe kusetshenziswa amakhemikhali angachaphazela kabi impilo yethu kwizitshalo ze-GM?

Ucwaningi lwezesayense olusha lubonisa ukuthi i-glyphosate efuthelwa kwizitshalo ze-GM ibangela isifo zezinso, ikhensa (umdlavuza) wamabele, ukuzala izingane ezikhubazekile kanye nokuphunyelwa yiziso kwabakhulelwe. Lokhu kuyinkinga enkulu kubasebenzi basemapulazini abasebenzisa lama khemikhali kumasimu ezitshalo ze-GM.

Kanti futhi kwenzekani ngabathengi abadla iphalishi eliphekwe ngombila we-GM ofuthelwe nge-glyphosate? Kwenzekani ngempilo yabo?

